



## National Fund for Municipal Workers Ukuqokwa Kwezindlalifa (isiZulu)

### UKUQOKA : INZUZO EMAQONDANA NOKUFA

1. Leli fomu kufanele ligcwaliswe ngendlela efanele kanye nalo lonke ulwazi njengoba luceliwe
2. Ifomu kufanele lisayinwe yilungu futhi kufanele ligcinwe efayelini lelungu uqobo kuMqashi wakhe. Kufanele futhi enye ikhophi ithunyelwe eSikhwameni. Ikhophi yombhalo wasekuqaleni KUFANELE ihambe nesicelo sokucela imali emaqondana nokufa.
3. Amaphesenti asefomini kufanele uma ehlanganiswa enze ama-100% phakathi kwezindlalifa ezahlukene. Lezi zindlalifa kungaba yinoma ubani umufi akangathanda ukuthi athole inzuzo emaqondana nokufa isb. umama, ubaba, ubhuti, umuntu aganene naye, izingane, njll.

### UKUQOKA : INZUZO YOKUNGWABA

1. Ifomu kufanele ligcwaliswe ngendlela efanele kanye nalo lonke ulwazi njengoba luceliwe
2. Ifomu kufanele lisayinwe yilungu futhi kufanele ligcinwe efayelini lelungu uqobo kuMqashi wakhe. Kufanele futhi ikhophi ithunyelwe eSikhwameni. Uma oyedwa wezindlalifa eziqokelwe inzuzo yokungcwaba eshona, KUFANELE ikhophi yombhalo wasekuqaleni ihambisane nesicelo semali yokuNgcwaba.
3. Umuntu organene naye ofanelekile kuphela kanye nezingane ezifanelekile okufanele zibalwe ngamagama kuleli fomu.

INGANE EFANELEKILE kusho ingane yeLUNGU noma / ingane yoMUNTU ELIGANENE naye EFANELEKILE, nokubandakanya ingane e-adopthiwe ngokusemthethweni , ingane ezalwa umuntu organene naye, ingane ekhuliswa abantu okungesibo abazali bayo ngokusemthethweni (foster-child) kanye nengane ezalwe emva kokufa kukababa wayo, uma kungukuthi –

- (a) Ayishadile futhi ingaphansi kwaminyaka engama-21 yobudala; noma
- (b) Ayishadile, ingaphansi kwaminyaka engama-26 yobudala kanye nesitshuden esifunda ngokugcwale esikhungweni sezemfundo sesimo somphakathi; noma
- (c) Engakwazi ukusebenza azinakekele ngokwakhe ngenxa yokugula ngokomzimba noma kwengqondo njengoba kufakazise udokotela weNdawo.

**UMUNTU ELIGANENE NAYE OFANELEKILE** kusho umuntu ilungu elihlanganiswe naye ngokoMSHADO. Uma umuntu ONGUMNIKAZI WOMSHUWALENSE ehlanganiswe ngokoMSHADO nabantu ababili noma ngaphezulu, UMUNTU AGANENE NAYE OFANELEKILE kusho oyedwa kuphela phakathi kwabo ILUNGU elimqoke ngokubhalela ISIKHWAMA ngesikhathi lisaphila. Akukho zinzuso ezikhokhwayo ngokwePholisi Yomshuwalense Wempilo Nosizo Lokungcwaba (Life and Funeral Aid Insurance Policy) uma ngabe umuntu aganene naye ofanelekile efika eminyakeni yobudala ENGAMASHUMI AYISIKHOMBISA NANHLANU (75).